Inkulumo kaNgqongqoshe weZokuthuthukiswa koMnotho nezokuVakasha, uMnumzane Michael Mabuyakhulu, emcimbini wokukhumbula impi yaseSandlwane

25 January 2014

Mphathi Wohlelo;

Isilo SamaBandla, Ongangezwe Lakhe, Bayede!

Amakhosi aseNdlunkulu;

Ongqongqoshe abahloniphekile;

Abantwana baseNdlunkulu;

Izimeya namakhansela;

Amalungu ePhalamende;

Abaholi bayo yonke imikhakha yomphakathi;

Izimenywa eziqavile;

Abacoshela izindaba;

Umphakathi walapha eSandlwane;

Bafowethu Nodadewethu

Egameni likaHulumeni wesiFundazwe noholwa nguNdunankulu uMnumzane uSenzo Mchunu, ngifisa ukuzwakalisa ukuthakasa kwethu ngokuba yingxenye yalomcimbi obaluleke kangaka lapha esifundazweni sakithi.

Sinenhlanhla thina lapha esifundazweni saKwaZulu-Natali ukuba sibe nomcimbi ongagcini nje kuphela ngokuthinta izimpilo zethu nomlando wethu kuphela lapha KwaZulu-Natali kepha ozigi zawo zizwakala lonke izwekazi laseAfrika kanye namazwe aphesheya kwezilwandle.

Hlanga Lwezwe, labo abongongcweti kwezokuxhumana nabakwazi ukukala ukuthi into noma izinto zidume kangakanani emhlabeni, abangabazi ukusho ukuthi igama elithi “zulu” lingelinye lamagama aziwa ngabantu abaningi umhlaba wonke jikelele. Ngisho nongenandaba ngezwekazi laseAfrika, kepha uyazi ukuthi uma uphimisa igama elithi “zulu”, usuke ukhuluma ngani. Kulomhlaba lapho udumo lomuntu noma lwento lumataniswa nokubaluleka kwayo kanye namathuba entuthuko, nebala kusho ukuthi thina lapha KwaZulu-Natali sidume umhlaba. Akudingeki nokuba kuze kube khona esivelela ngakho, inqobo nje uma kuzwakale ukuthi kunento esimatanisa negama elithi “zulu”.

Silo esikhulu, sithi asikubalule lokhu ngoba kwesinye isikhathi siyaye sizitshele ukuthi lolulwazi akekho ongenalo, ube usumangale-ke uma usuthola abanye besibuza ukuthi lemikhosi efuze lona neminye siyigubhelani. Lemikhosi kubandakanya uMkhosi woMhlanga neminye siyigubha ngoba sisaqhubeka nakho ukuchumisa leligama elithi “zulu” elisenza ukuba sivulelwe iminyango singakangqongqozi ngoba lona lisuke selisikhulumele.

Lolusuku lwanamuhla, nomcimbi wanamuhla, kuyingqanyizivele ngoba sizokhumbula labo abayibamba ishisa, bachitha nezingazi zabo ngoba benzela ukuthi leligama elithi “zulu” lingashabalali. Namuhla sizokhumbula labo ababa ngamavulandlela ekulweleni inkululeko yethu, izinhlangano zezombusazwe zingakafiki. Yibo laba abasinika isibindi, kwathi ngezenzo zabo zobuqhawe basitshengisa ukuthi labo ababesicindezele singakwazi ukubehlula. Namuhla-ke nathi sizothatha amandla, sizifake nogqozi olusha emkhankasweni wethu wokwakha isizwe esisimeme, lapho khona indlala ifana nenganekwane futhi kunenhlonipho nokuzwana khona.

Hlanga lwamakhosi, ziningi izinjulabuchopho esezike zathatha usiba noma imishini yokuqopha, ziloba ngokwenzeka lapha eSandlwane mhla zingamashumi amabili nambili kuMasingana. Imibhalo nomlando kuyasitshela ukuthi lolosuku lwaba ngolukhethekile emlandweni womhlaba ngoba kulapho labo ababethathwa njengezithohlongwane kwezempi futhi bevela ezwenikazi elalibukelwa phansi, batshengisa khona ukuthi ingcindezelo ngeke bayimele, baqoma khona

ukufa. Bakhona futhi kubona abalandakazi abazama wonke amasu ukuba lomlando omuhle walapha eSandlwane wethu wokunqoba bawuhlanekezele noma bawufenyise ukuze bungabonakali ubuqhawe bethu njengabantu balapha eAfrika.

Lokhu-ke, ngokwethu ukubuka kuyinselelo yokuqala okumele ukuba sibhekane nayo. Kumele lomlando omuhle wethu wokunqoba njengama-Afrika siwuphathise okwezikhali zamaNtungwa. Izincithabuchopho zethu kumele ukuba zibhukule zikhiqize izincwadi; izinkondlo; amahubo; nemifanekiso yamabhayiskobho kanye nokunye ukuze kubhekanwe nalempi yokuhlanekezela umlando. Njengoba nomhlaba ushintsha-nje, nezindlela zokuxhumana nazo ziguquka, lemisebenzi emisha iyokwelekelela ukuba nesizukulwane esisha nalabo abangakaveli kulomhlaba lomlando ungabalahlekeli.

Ukuze sibone ukubaluleka kwalomsebenzi kumele ukuthi uNehemiya waseBhayibhelini wayeyoba nawo yini wokwakha kabusha iJerusalema elase libhidlikile ukuba wawungekho umlando wokuthi lalike lama yini nokuthi lalilihle kanjani. Lokhu kuqonde ukuthi, uma singawugcini, siwukhusele lomlando lokho kuyosho ukuthi izizukulwane ezizayo ngeke zibe nezinto eziyozinika ugqozi mhla zona lezozikulwane sezibhekene nezinselelo zazo.

Inselelo yesibili, Silo Samabandla, eyokuba sithuthukise lendawo yalapha eSandlwane. Umbuzo okumele sizibuze wona ngowokuba uma kungase kuvuke uNtshingwayo kaMahole noma uMavumengwana kaNdlela kaNtuli bangalubona yini ushintsho kulendawo, ikakhulukazi ezimpilweni zabantu. Uma impendulo yethu ithi kusefana, kumele sazi ukuthi usemkhulu umsebenzi okumele siwenze. Emhlabeni jikelele, izizinda ezinjangelesi ziyanakekelwa ukuze njalo zihlale ziyisikhumbuzo kepha lokho akusho ukuthi akusamele zithuthuke. Inkundla yempi yona kumele igcinwe ngochwepheshe ukuze nezizukulwane zikwazi ukuyibona kepha izindawo eziyizungezile kumele zithuthukiswe.

Yingakho nje namuhla kusithokozisa ukubika ukuthi izinhlelo zokwakhiwa kwendawo yokugcina umlando kanye nesikhungo esihumusha ngalempi yaseSandlwana sezisesigabeni sokuba kuqalwe umsebenzi. UMnyango kaNdunankulu kanye noweZobuciko kanye namaSiko seziqashe izinkampani ezizokwakha lezizikhungo. Kuwo lonyaka, uNdunankulu wesifundazwe sakithi,

ubaba uSenzo Mchunu, uzofika khona lapha eSandlwana azokwethula ngokusemthethweni lemisebenzi.

Hlanga lwamakhosi, sesike sakubalula ukuthi yize umlando walapha eSandlwana udume umhlaba wonke, kepha thina njengabantu bakulesi sifundazwe asikalusebenzisi loludumo ukuba sikhulise umnotho wethu futhi sihlomule ngalomlando. Isibonelo salokhu ukuthi eminyakeni embalwa eyedlule kwavakasha iqembu lebhola lombhoxo laseNgilandi – amaBritish Lions – kulenkundla yempi yaseSandlwana. Leliqembu laliphelekezelwa ngabavakashi abayizinkulungwane ezingaphezulu kwezimbili. Kwaba ngamahloni sekutholakala ukuthi laba bavakashi, abadla izambane likapondo, abakwazi ngisho ukuthenga isiphuzo esibandayo ngoba azikho izindawo ezithengisa lokho eduze kwalendawo.

Lokhu kuyasitshela ukuthi kunenselelo yesithathu yokuba kufakwe ingqalasizinda ezokwazi ukwenelisa zonke izidingo zabavakashi kusukela emahhotela; yilabo abaqopha imifanekiso ngamagugu alesisizwe kuye kuyofika ezitolo ezidayisa lokho okufunwa ngabavakashi. Kungakho-nje lenkundla yempi yalapha eSandlwane siyibeke eqhulwini phakathi kweminye imisebenzi ekumele siyigqugquzele njengesifundazwe ukuze sithuthukise ezokuvakasha kulesisifundazwe. Eminye imisebenzi esiyibeke unembe kulomhlahlandlela ibandakanya ukwakhiwa kwesichuse seSilo saKwaBulawayo eduze komfula uThukela; ukwakhiwa kwenqola yokungcebeleka endiza emoyeni laphaya ezintabeni zoKhahlamba kanye nebhuloho elihlanganisa idolobha laseThekwini kanye nendawo yaseBhiyafu. Khona maduze-nje sizobuya sizokwazisa umphakathi ukuthi athini amasu ethu mayelana nokuthuthukisa iSandlwana kwezokuvakasha.

Lomsebenzi akusiwona okahulumeni kuphela kepha ungowethu sonke. Uhulumeni akazakhi izitolo namahhotela kepha ngumsebenzi wosomabhizinisi abazimele ukwenza lokho. Kuyinselelo yosomabhizinisi ukuba babe nombono ojulile nokwaziyo ukubona ukuthi lendawo ingenye yezizothuthuka ngesivinini bese bona betshala izimali.

Hlanga lwezwe, esinye sezifundo ezinkulu esingasifundisa umhlaba ngempi yalapha eSandlwana, yisifundo sokuxolela nokuletha ukuthula. Ngendlela okwachitheka igazi ngayo lapha eSandlwana, kuyisimanga ukuthi abantu bakithi abangamaAfrika basangenelana nabantu

abamhlophe. Okukhulu ngaphezu kwalokhu ukuthi emva kwalempi, neyagcina iqhathe umAfrika nomunye umAfrika, awuzange ube khona umbhedukazwe lapho uthola ukuthi abantu abamnyama babulalana bodwa ngenxa yamagqubu aseSandlwana. Inselelo esibhekene nayo thina njengospolitiki naye wonke nje umuntu walapha esifundazweni sakithi ukuthi sisebenzele ukwakha uxolo ngoba uma uthi uyabukisisa ayikho nento esuke ibangwa. Uma kwathelelana amanzi imihlambi eyalanayo yaseSandlwana, thina singavinjwa yini?

Sisekulo loludaba lokuklwebhana kwamaqembu ezepolitiki, thina njengoHulumeni wesiFundazwe siyakugcizelela namhlanje ukuthi njengoba lona kungunyaka wokhetho sizolwela ukuthi kube nokhetho olunokuthula futhi olukhululekile. Njengoba beboshwa mhla kwasa laba abasoconga abanye, sithi sizosiqinisa kakhulu isandla kwizigilamkhuba kwenzele ukuthi angabi khona nocabangayo ukwenza okuphambene nokulunga. Kuyiqiniso elingephekiwe, Silo SamaBandla, ukuthi isikhathi esiningi labo abaphehla udweshu bavamise ukuba ngamavaka uma kuthiwa bacelwe inselelo udede phambi kwezwe libona. Bavamisa ukusebenza ngokuzuma nokusoconga izingane zabantu zingazelele futhi abakwazi ukubhekana nemiphumela yemisebenzi yabo emibi. Sithi-ke, sonke njengabaholi bepolitiki, sinenselelo yokuba sishumayele ivangeli lokuthula nokubekezelelana ikakhulukazi kulesisikhathi sokhetho

Hlanga lwezwe, siyazigqaja ngokuba yingxenye yalomlando obatshazwa umhlaba wonke. Asingabazi futhi ukuba lezingazi ezaphalala lapha eSandlwana azizange zichitheke, mhlawumbe nathi sasingeke sibe nawo amandla nogqozi lokulwela inkululeko yalelilizwe. Kulonyaka sigubha iminyaka engamashumi amabili selokhu kwafika umbuso wentando yeningi. Lentando yeningi yathengwa ngegazi lamaqhawe akithi futhi kumele siyazise. Simelwe wukuba siliqhakambise igalelo lalamaqhawe akithi aguqa lapha kulenkundla ukuze nathi sinyathele lomhlabathi ngenhlonipho sikhumbula ukuthi lomhlaba akusiwona owethu kepha siwuphathele izizukulwane ezizayo.

Ngiyabonga